Indlela ehanjwa umbila wethu ukusuka kumasimi omlimi ukuya lapho ogcinwa khona (silo) ukuya ezigayweni uze uyophelela ezitolokazi ezinkulu kubizwa ngokuthi yi-'maize value chain'.

NGUBANI UMNIKAZI WOMBILA WETHU?

ENingizimu Afrika, i-maize value chain, ilawulwa zinkampani ezimbalwa ezinkulukazi:

I-**Monsanto** kanye ne**Pioneer Hi-Bred** (zombili ngezase-USA) zilawula imakethe **yembewu yombila**.

Ama-co-operatives amathathu ayesebenza kumkhakha wezolimo ngaphansi kombuso wobandlululo, – okuyi-**Afgri**, **Senwes** kanye ne**NWK** – zingumnikazi we 74% wama-**silos** okugcina umbila ngemithamo emikulu.

Izinkampani ezimbili zaphesheya ezihambisa umbila kuwo wonke umhlaba okuyi-**Cargill** ne-**Louis Dreyfus** – zilawula u **70% wombila othengiswa** eJohannesburg Stock Exchange.

Abe-**Tiger Brands**, i**Premier Foods** kanye ne**Pioneer Foods**, abalawula imakethe **yokudla kombila**, babuye balawule nazo zonke **izigayo ezingu 60% zombila omhlophe** okhiqizwa eNingizimu Afrika.

Abakwa-**Shoprite/Checkers**, i**Pick n Pay**, i**Spar**, i**Woolworths** kanye ne**Massmart**, bawumnikazi ka **60% wokudla okuthengwa kanye nokuthengiswa** eNingizimu Afrika.

Kuyashaqisa ukuthi eNingizimu Afrika zinkampani ezimbalwa ezinkulukazi zilawula ukuthi sidla kanjani futhi sidla ini!

Asinamandla. Sekuyisikhathi sokuthi sithathe amandla ethu – sithathe inqubo yokudla kwethu!!

african centre for biosafety
www.acbio.org.za
Tel +27 (0)11 486 1156